



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

NOVEMBA 2016

IMEMORANDAMU

AMAMAKI : 70

Le memorandamu inamakhasi ayisi-8.

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA**INDLELA YOKUMAKA:**

1. Ngenxa yokuthi sigxila emqondweni wempendulo; ukungabhaleki kahle kwamagama namaphutha olimi sikushaya indiva/asikunaki ngaphandle uma kuthinta umqondo wempendulo yonke. Amaphutha kumele omakayo awatshengise ngezimpawu ezisetshenziswayo uma kunamaphutha.
2. Uma umfundi esebenzise amagama angekho olimini ahlolwa ngalo, lawo magama ngeke anakwe uma ngabe impendulo ayibhalile inomqondo ophelele. Uma kunegama elithathelwe kolunye ulimi embhalweni onikeziwe noma kudingeka ukuthi impendulo inike lona lokho kuyovumeleka.
3. Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo YEBO/CHA/ANGIVUMI/NGIYAVUMA azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.
4. Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo IQINISO/AKUSILO IQINISO/UMBONO/IQINISO azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.
5. Uma impendulo iyigama elilodwa kodwa umfundi abhale umusho wonke, umfundi uthola amamaki uma edwebele impendulo noma eyikhombise ngandlela thize.
6. Uma impendulo idinga amaphuzu amabili/amathathu kodwa umfundi wabhala angaphezulu kwalokho kumakwa amaphuzu amabili/amathathu okuqala okunye kungabe kusanakwa.
7. Umfundi uyanikwa amamaki uma esebenzise ulimi lwesigodi empendulweni yakhe.
8. Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikiwe, uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ephelele kanje:

A. Uthoko/A (okuwuhlamvu oluphelele)

UMBULO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISISA**1.1 UMBHALO A (Ofundwayo)**

- 1.1.1
- Wayengumnyovu/√
 - Wayenyathela ngabantwana/√
 - Wayengusukasambe wentokazi/wayengusukasambe/√
 - Asikho esiguga namagxolo aso/√
- (Okubili kwalokhu) (2)
- 1.1.2 Izithombe eziphathwayo nalezo eziba komakhalekhukhwini zisiza ngokuthi abantu sibazi noma singakaze sibabone ngamehlo.√√ (2)
- 1.1.3 Isigaba sesi-3 siqukethe ukuthi nasemandulo babekhona abantu ababenamakhono futhi bekwazi ukudweba besebenzisa imicako enhlobonhlobo√√ kanti isigaba sesi-7 siqukethe ukuthi ukuthwetshulwa kwezithombe sekuthuthukile ngokwethekhnoloji yingakho izithombe ezithwetshulwa emicimbini sezisakazwa izwe lonke ngaphandle kwemvume yabanikazi bomcimbi.√√ (4)
- 1.1.4 A/imali eningi.√ (1)
- 1.1.5 Ukufuna uxhaso lwezimali ukuze bathuthukise amakhono abo.√ Ukuhambela imibukiso yalabo asebenkantshubomvu ukuze bathekele ulwazi.√ Ukungenela imiqhudelwano besebenzisa imisebenzi asebeyenzile.√/Bangaya ezikhungweni zemfundo ezifundisa ngokudweba ukuthuthukisa amakhono abo.√ (Okuthathu kwalokhu) (Nezinye izimpendulo ezimumethe umqondo) (3)
- 1.1.6 Kungaba nomthelela omubi ngoba uma engenalo ikhono lokuthwebula izithombe angazithola enomsebenzi ongekho ezingeni elanelisa amakhasimende akhe okungenza ibhizinisi aseliqalile liwe./Angazixabanisa nalabo abanekhono lalo msebenzi ngoba ehlisa izinga lokuthwebula√√ (Nezinye izimpendulo ezimumethe umqondo) (2)
- 1.1.7 Kungafundiswa abantu bakuleli ngokubaluleka kwezichuse ukuthi ziwugcina kanjani umlando wezwe/Zibekwe endaweni yokugcina amagugu esizwe ukuze kungafinyeleli noma ubani/Akube nezigawu lapho abantu bazofundiswa khona ngokubaluleka kwezichuse/Kuqiniswe ingalo yomthetho bajeze labo bantu abacekela phansi izichuse√√ (Nezinye izimpendulo ezimumethe umqondo) (2)
- 1.1.8 Iqiniso ngoba wonke umuntu onolwazi ngomlando wamaZulu uyazi ngomlando wokubumbeka kwesizwe samaZulu kanti lokhu kushicilelwe nasemithonjeni yolwazi eyahlukene.√√ (2)

- 1.1.9 Lesi sitatimende siveza ukuthi izinto ezithunyelwa ezinkundleni zokuxhumana ezimayelana nempilo yomuntu kumele ziqashelwe ngoba zingadala umonakalo omkhulu empilweni yakhe zingahlosile, zimphuthisele ngamathuba okuthola umsebenzi. Abanye abaqashi bayakubheka ukuthi uziphatha kanjani empilweni yakho yangasese./Masiqaphele izinto esizithumelayo ezinkundleni zokuxhumana ngoba zingagcina zenze ukuthi singaqashwa√√ (2) [20]

1.2 UMBHALO B (Obukwayo)

- 1.2.1 Kunabantu ababukelayo nephoyisa/nomuntu omile ogoqe izandla oqaphile/obukayo kanye nabathwebuli bezithombe abathwebula ngamakhamera amakhulu anezipopolo. √√ (2)
- 1.2.2 Umehluko oqukethwe izithombe ezisemfanekisweni wesi-2 owokuthi kukhona izicuse ezimbili/izithombe ezibaziwe/ezibunjiwe ezibekwe phansi kanye nalesi esidwetshiwe/esithwetshuliwe esiphanyekwe odongeni.√√ (2)
- 1.2.3 Isigaba sesi-8 sigqamisa ubudlelwane obuba khona kulowo osesithombeni kanye nalowo osuke ebuka isithombe okungaba izithombe zentokozo kanye nezomlando.√√ Kanjalo isithombe sesi-3 sisinika ubudlelwane obubalulekile phakathi kwaso nabantu. Siwumlando wesizwe sakuleli ngoba siyisichuse sikaNelson Mandela.√√ (4)
- 1.2.4 Umdwebi osemfanekisweni wesi-4 unalo ikhono lokudweba ngoba uyakwazi ukudweba abantu futhi bakholeke/babukeke.√√ (2) [30]

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

ISIQEPHU B: UKUFINGQA**UMBUZO 2: UKUFINGQA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO****UMBHALO C**

Amaphuzu acashuniwe		Amaphuzu owabeke ngamagama akho	
1	'Intsha yakuleli isingene shi ezidakamizweni ezinhlobonhlobo.'	1	Abantu abasha sebesebenzisa izidakamizwa ezahlukahlukene ngokweqile.
2	Lezi zidakamizwa azikhethi indawo lapho kumele zisetshenziswe khona.	2	Izidakamizwa zisetshenziswa ezindaweni ezahlukahlukene.
3	'Abanikazi bamajoyinti ababe besabheka ukuthi ozothenga utshwala uneminyaka emingaki inqobo nje uma eletha imali.'	3	Utshwala sebudayiselwa nezingane ezingaphansi kweminyaka evumelekile ngenxa yemali.
4	Ukucabanga kwabantu abadle izidakamizwa akufani.	4	Emva kokuba abantu sebedle izidakamizwa, kuba khona ukucabanga okungefani ezingqondweni zabo.
5	Umuntu osheshe wangena ezidakamizweni kuba nzima kuye ukuba aziyeke.	5	Umuntu osedle izidakamizwa isikhathi eside, akulula ukuba ayeke ukuzidla.
6	'Ingalo yomthetho kufanele iqine ukuze kuboshwe bonke laba bantu abadayisa izidakamizwa.'	6	Amaphoyisa kumele aqinise isandla kubanjwe abantu abathengisa izidakamizwa.
7	'Kungalunga uma nje umphakathi ungabambisana nabakwasidlodlo ukuze kunqandwe lesi sikhava.'	7	Umphakathi kumele usebenzisane namaphoyisa ukuzama ukulwa nale nkinga ebhubhisa intsha.

Ukufingqa ngesigaba

Abantu abasha sebesebenzisa izidakamizwa ezahlukahlukene ngokweqile. Lezi zidakamizwa zisetshenziswa ezindaweni eziningi ezahlukahlukene. Abanikazi bezindawo ezithengisa utshwala bathanda imali kakhulu yingakho bethengisela nezingane ezingaphansi kweminyaka evumelekile utshwala. Emuva kokuba abantu sebedle izidakamizwa, kuba khona ukucabanga okungefani ezingqondweni zabo. Umuntu osedle izidakamizwa isikhathi eside, akulula ukuba ayekele ukuzidla. Amaphoyisa kumele aqinise isandla kubanjwe abantu abathengisa izidakamizwa. Kanjalo nomphakathi kumele ubambe iqhaza usebenzisane namaphoyisa kuliwe nale nkinga ebhubhisa intsha yakuleli. [68]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 10

ANNEXURE A**Indlela yokumaka ukufingqa**

Abafundi mababhale inani lamagama abawasebenzisile ngokuyiko.

- **Ukwabiwa kwamamaki:**
 - Amamaki ayisi-7 awamaphuzu ayisi-7 (imaki elilodwa lihambisana nephuzu elilodwa).
 - Amamaki ama-3 awolimi.
 - Amamaki esewonke: 10.
- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma ohlolwayo engacaphunanga njengoba kunjalo.**
 - 1–3 amaphuzu anembayo: nikeza imaki eli-1 olimini.
 - 4–5 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-2 olimini.
 - 6–7 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-3 olimini.
- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma ohlolwayo ecaphune njengoba kunjalo:**
 - 6–7 acashuniwe, awekho amamaki olimi.
 - 1–5 acashuniwe, nikeza imaki elilodwa lolimi.
- **Ukubalwa kwamagama:**
 - Abamakayo kumele baqinisekise inani lamagama asetshenzisiwe.
 - Alikho imaki okumele liphucwe ohlolwayo ngokuhluleka ukuveza inani lamagama awasebenzisile noma ukuveza inani okungesilo lamagama awasebenzisile.
 - Uma ohlolwayo eqile enanini lamagama amiselwe (80), kumele kufundwe amagama ama-5 kuphela angaphezulu kwamiselwe bese engabe esabhekwa amagama alandelayo ohlolwayo eqe ngawo.

QAPHELA: Izinkomba zamaphuzu acashuniwe (C) bese kuthi ahunyushiwe (H).

ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI**UMBUZO 3: UKUHLAZIYA ISIKHANGISI**

- 3.1 Iminyaka engama-60 i-Toughees yaba khona/i-Toughees okuyiyonayona/yoqobo edayiswayo.√ (1)
- 3.2 Ukuze uzuze umklomelo wengqayika kumele uthenge izicathulo i-Toughees√ bese uthumela isiliphu othenge ngaso negama lesitolo nge-sms√ noma uye ku-facebook.com/Toughees.√ (3)
- 3.3 D/Ibhayisikili.√ (1)
- 3.4 Kunobudlelwane bokuthi indlovu yisilwane esinesikhumba esiqinile√ kanti nezicathulo ama-toughees aqinile futhi akasheshi ukuguga.√ Yingakho lezi zicathulo zeyamaniswa/zifaniswa/zimataniswa nendlovu.√ (3)
- 3.5 Isiqubulo esithi 'izinto ezinhle ziyinguganaboya' sikhuthaza umthengi ukuba abe nesiqiniseko sokuthi akathengeli ubuhle kuphela izicathulo zakhe kodwa zizohlala isikhathi eside ezigqoka zingagugi.√√ (2)
- [10]**

UMBUZO 4: UKUHUMUSHA IKHATHUNI

- 4.1 Ithoni yokuzithoba/yokuhlonipha√ ngoba ubiza umyeni wakhe ngobaba.√ (2)
- 4.2 Ukusetshenziswa koteku efreyimini yesi-6 kuveza ukuthi inja ibiziqulekisa, idlala ngalaba bantu ngokubaqhatha/ngokubaxabanisa okwenze ukuthi owesilisa aklinye/abambe owesifazane ngobhongwane.√√ (2)
- 4.3 A/inkinga√ (1)
- 4.4 Umlingiswa oyinja ulele ngomhlane ubheke phezulu, umzimba wakhe ukhombisa ukuthi ufile noma uqulekile emva kokudla ukudla akunikwe yindoda.√ Umlingiswa ongumama uphethe ukudla ukubambele esifubeni/ubumbe umlomo okukhombisa ukumangala/ukwethuka ukuthi kungani inja ifile noma iqulekile.√ Umlingiswa oyindoda uhlahle amehlo/ubambe nomlomo/izinwele zibheke phezulu ukhombisa ukwethuka ukuthi inja iqulekiswa yini noma ibulawa yini emuva kokuthi eyinike ukudla kwakhe.√ (3)
- 4.5 Ukwazile ukwedlulisa umyalezo wokuthi singasheshi ukuthatha izinqumo singenasiqiniseko sezinto./Siboqaphela izinto ezincane ezingaxabanisa abantu./Nanokuthi kukhona abantu abayizitha abangagxambukela baxabanise abantu./Kukhona ukungathembani phakathi kwabantu abashadile√√ (2)
- (Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa) (2)
- [10]**

UMBUZO 5: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

5.1 Lenze umsebenzi wokuchaza (uSobizo).√

NOTE: *It is acknowledged that in question 5.1 the underlined word required from line 1 had moved to line 2.*

Credit the candidate for the correct answer given and award the 1 mark. (1)

5.2 Ukuqamba/Ukugcina.√
Ukungaqambi ingane igama elihle kungayibangela amashwa./
Amaphoyisa angakubophela ukungagcini umthetho.
(Imisho iyokwehluka)√ (2)

5.3 Siqukethe umqondo wokunciphisa/wokunciphisa ngokweminyaka.√ (1)

5.4 5.4.1 Abazali baqamba izingane zabo amagama amahle.√

5.4.2 Abalicabangelayo ikusasa. √ (2)

5.5 Kwakha igama elihle./Babe namagama amahle√
Kukwenza uhlonipheke noma uhlonishwe emphakathini.√ (2)

5.6

- USipho unomuzi ehloambe lakhe langakwesokudla.
- UThemba ushayeke umuzi wakhe ngesikhathi sidlala ibhola.
- Amantombazane ayosika umuzi ukuze ezoluka izithebe zokwaba.

(Imisho iyokwehluka) (2)

AMAMAKI ESIQEPHU C: 30
AMAMAKI ESEWONKE: 70